an agency of the
Department of Sport, Arts & Culture
The KwaZulu-Natal Performing Arts Company
Declared in terms of section 3(1) of the Cultural Institutions Act, 1998(Act No 119 of 1998) on 01 April 2003
PO Box 5353, DURBAN, 4000, 29 Acutt Street, DURBAN, 4001, KwaZulu-Natal, South Africa
Tel: (031) 3699555, Fax: (031) 306 2166, Production Services Mayville, Tel (031) 208 4171 Fax: (031) 208 4162
http://www.playhousecompany.com

i- PLAYHOUSE COMPANY

ISICELO SOKULETHWA KWAMATHENDA/ /IZILINGANISOMANANI ZOKUHLINZEKA UMSEBENZI: UKUFAKWA OHLELWENI LWAMAKHOMPYUTHA KWAMAFAYELA EMIDIYA KANYE NEMIQULU YASEHHOVISI YASE- PLAYHOUSE COMPANY.

INKOMBA: PHC 74/2022

I- Playhouse Company yiNkampani Yezobuciko erejistwe ngokweSigaba 3(1) soMthetho Wezikhungo Zezamasiko, we-1998, ngenhloso yokuqhakambisa ezobuCiko Namasiko KwaZulu- Natali.

Kumenywa abahlinzekimisebenzi ukuba balethe amathenda/ izilinganisomanani maqondana nokufakwa ohlelweni lwamakhompyutha (digitisation) kwamafayela emidiya kanye nemiqulu yasehhovisi ngenhloso yokugcina maarekhodi.

Umsebenzi sewuwonke ozokwenziwa ubandakanya phakathi kokunye ukufakwa kumakhompyutha lokhu okulandelayo:

- Amafayela emidlalo edidiyelwe
- Imibhalo
- Izithombe
- Imibiko Yonyaka
- Imidwebo Yemvunulo
- Amanegethivu
- Ama-Audio Reels amakhulu namancane
- Ama-VHS Tapes
- Ama-LP kanye nama- theyphu
- Amakhasethi omsakazo
- Imidwebo

Uhllu lwakho konke okudingeka kwenziwe lufakiwe emqulwini wethenda.

Lapha ngenzansi yizinto ezidingekayo kanye nemiqulu okumele uyilethe ukuqiniseka ukufaneleka kwakho ukubhidela ithenda:

- Ukuthi urejistile ohlwini lwabahlinzekimsebenzi oluyisizinda jikelele lukaMgcinimafa kaZwelonke (C.S.D)
- Kuphoqelekile ukuthi ube nesitifiketi esisemthethweni esiqinisekisa ukuthi uyayikhokha intela (Valid Tax Clearance certificate) noma inombolomfihlo (pin) owayithola ka- SARS;
- Umbiko Wokucwaningwa kwezitatimende zezimali weminyaka emi-3 edlule osanda kwenziwa
- Ifomu le-SBD eligcwalisiwe futhi lasayinwa.
- Ukuba lilungu lenhlangano i-SAMPRO.
- Amathenda/ izilinganisomanani zokwenza le misebenzi kumele zilethwe mathupha kuleli kheli elibalulwe lapha ngezansi.

Imiqulu yamathenda iyatholakala kusizindalwazi samathenda kanye naseNhlokohhovisi yase-Playhouse Company, ku-29 Acutt Street kusukela ngehora leshumi (10h00) ekuseni mhla zingama-**26 kuMfumfu (October) wezi-2022.** Ukuze ukwazi ukuthola amaphepha ethenda kudingeka ukhokhe imali engukheshi engu- R 350 ongayukubuyiselwa yona.

Umhlangano ophoqelekile uzobanjwa ngoLwesine mhla zingama-**04 kuLwezi (November)) wezi-2022, ngehora lesishiyagalolunye (10h00) ekuseni** e- Playhouse Company, ku- 29 Acutt Street, Durban 4004.

Usuku lokuvala lokulethwa kwamathenda ngumhla zingama-**28 kuLwezi (November) wezi-2022** ngo-**11h00 ekuseni.** Angeke zibhekwe izethulo zamathenda ezilethwe sekudlule isikhathi. Izethulo kumele zilethwe zifakwe ephaketheni/ emvilophini ebhalwe ngokucacile, yavalwa; zibhekiswe koyiSikhulu Esiphezulu e -The Playhouse Company, 29 Acutt Street, Durban 4001.

Uma unemibuzo uyacelwa ukuba uxhumane noMnu. Siya Manqele kule nombolo yocingo: 031- 369 9507 noma kule i-imeyili: accountingassistant@playhousecompany.com